

# USARS uzoqalisa izindlela eziphuthumayo zokwehlisa umthwalo wentela

**Tshwane, 30 kuNtulikazi 2021** - NgeSonto uMongameli uCyril Ramaphosa umemezele izindlela ezimbalwa eziphuthumayo zokwehlisa umthwalo wentela okuhloswe ngazo ukulekelela labo abathintekile namabhizinisi athobela intela ukuze akwazi ukusimama kanye nokuqiniseka impilo yezisebenzi ngemizamo yokuphendula kubhubhane oluqhubekayo lwe-Covid-19 kanye nezibhelu zakamuva.

uPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) luzoqalisa izindlela zokwehlisa umthwalo wentela ngenxa yokuthi abakhokhintela abathobelayo bayikhokhile intela obekufanele beyikhokhe okwenza kube lula ukuba uhulumeni ahlinzeke ngalolu sizo lwesikhashana ukulekelela labo abadingayo ngalesi sikhathi esinzima kangaka.

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter uthe, “Ikota yokuqala yonyakamali ophezulu isebenze kahle kunobekulindelekile kwaze kweqa emalini eyaqqwa ngesikhathi esifanayo eminyakeni emithathu eyedlule.”

UMnu Kieswetter ugcizelele ngokuzibophezela kukaSARS ekuhlinzekeni ingcaciso nesiqinisekiso kubakhokhintela ukuze bakwazi ukumelana nezibophezelo zabo kalula bakhokhe okumele bakukhokhe. Uthe ngaso sonke isikhathi uSARS “uzokwenza kube lula futhi kungabi nazihibe uma abakhokhintela bezama ukuxhumana nesikhungo”.

Kodwa-ke, udlulise umyalezo ocacile ongangabazeki wokuthi uSARS unamandla “okuhlonza futhi akwenze kumbe eqolo kubakhokhintela abazimisele ngokungathobeli futhi abazibandakanya nezenzo zobugebengu ngokukhwabanisela isikhungo.”

“Ukusetshenziswa kwemininingo emikhulu, ubuhlakani bekhompyutha kanye nobuchwepheshe bakamuva kwenza uSARS akwazi ukuhlinzeka ngosizo lwedijithali ngemizamo yokuvikela abakhokhintela nezisebenzi njengoba kunemikhawulo ebekiwe ngenxa ye-Covid-19 kanye nokuqinisa imizamo yakwaSARS yokwenza ngokomyalelo wethu.”

USARS uzoqalisa lezi zindlela:

- Ukululwa kweminyaka yobudala eyenza ufaneleke kanjalo nenani elingafakelwa isicelo ohlelweni lwemihlomulo yentela yokusebenza *i-expanded Employment Tax Incentive*, okuhloswe ngakho ukweseka imisebenzi ezingxenyeni ezishayeke kakhulu kumakethe yezemisebenzi. Lokhu kuzosebenza isikhathi esiyizinyanga ezine kanti kuzoqala ukusebenza kusukela mhla lu-1 kuNcwaba 2021 kuphele mhla zingama-30 kuLwezi 2021.
- Ukwelulwa kokuhleliswa kwezinkokhelo zezikweletuzibopho zentela yabasebenzi (okwaziwa nge-PAYE) emabhizinisini amancane kuya kwasafufusa athobela intela. Lokhu kuzoqala ukusebenza mhla lu-1 kuNcwaba kuphele mhla zingama-31 kuMfumfu 2021.
- Amabhizinisi athobela imigomo yentela anengeniso eliphelele elifinyelela ku-R100 million azovumeleka ukuba alengise u-35% wezikweletuzibopho ze-Pay –As- You Earn (PAYE) izinyanga ezintathu ezizayo, ngaphandle kokuhlululwa noma ukukhokhiswa inzalo.
- Ukuhleliswa kwezintela zempahla engenayo nephumayo eziphuzweni ezinophuzo oludakayo izinyanga ezintathu kulabo abanezimvume abathobela imigomo yentela embonini yotshwala, uma befaka isicelo esishoyo ukuba kungani becela ukuhlehliselwa intela.

Imininingwane egcwele yezindlela zokwehlisa umthwalo wentela iyatholakala kusizindalwazi soMnyango woMgcinimafa kaZwelonke ngaphansi kwekhasi elithi [explanatory notes on the emergency tax measures](#)

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne [Sarsmedia@sars.gov.za](mailto:Sarsmedia@sars.gov.za)